

# OLD MUTUAL SUPERFUND

IZINDABA EZIPHAMBILI  
ZAMALUNGU ZANGOJUA&NI



## YIQINISO NOMA INKOLELOZE

Uma nje usuyilungu lesikhwama somhlalaphansi ususendleleni ebheke kumhlalaphansi wakho ontofontofo?

### UKONGA NAMHLANJE KUCHAZA UKUPHILA NTOFONTOFO EMINYAKENI EZAYO

**Umhlalaphansi useyiminyaka engama-20 noma engama-30 kusukela manje, ngakho asikho neze isidingo sokuzikhathaza ngalokhu manje, akunjalo?.....LUTHO!**



Inkinga ukuthi, lowo mqondo uyochaza ukuthi uyoba nokukhathazeka okukhulu lapho usufinyelela eminyakeni engama-50 ubudala, nakakhulu kakhulu uma sewufinyelele kwengama-60 ubudala... ngoba phela iyobe ingekho neze imali eyanele ngaphansi kukamatilasi

wakho ezokwazi ukukuqhuba kule minyaka engama-20 noma engama-30 yomhlalaphansi, futhi-ke kuyobe kungekho isikhathi esanele sokwenza lutho.

**Njengoba sigxila ekuphileni kwanamuhla, iningi lethu liyakhohlwa ukuba lihlele izinto ngendlela, umhlalaphansi ungaphenduka okwehluka kakhulu kunalokho esikulindele. Leliya khotishi elincanyana esihlele ukugugela kulona ngemva komhlalaphansi kungacina kuwutalagu nje.**

Mhlawumbe ungathi WENA awuyena omunye walabo bantu..... umqashi wakho unohlelo oluncomekayo

lomhlalaphansi..... uzizwa uwumqemane kanti iseminingi iminyaka esele ongayisebenza.....

**Yize noma konke lokhu kungaba yiqiniso, kudingeka wenze okuningi kunokuba nje yilungu lesikhwama somhlalaphansi ukuze uqinisekise ikusasa elihle ngokwezimali.**

### Nanka amanye amacebo alula angakusiza uluthokozele uhambo lwakho:

- Bonisana nomeluleki wezimali ogunyaziwe uziqalele uhlelo lokulondolozela umhlalaphansi wakho
- Qinisekisa ukuthi usebenzisa kahle imihlomulo onayo esikhwameni sakho somhlalaphansi
- Yonga ngako konke okusemandleni isikhathi eside ngokunokwenzeka
- Bukeza "isimo sakho sezimali" njalanjalo
- Zama ukungathathi ukheshi wakho owulondolozile esikhwameni somhlalaphansi lapho usula emsebenzini
- Imali elondolozelwe umhlalaphansi utshalomali lwesikhathi eside – ungatatazeli uma izimakethe ziba nokuntengantenga - ngaso sonke isikhathi beka iso lakho kulokho okusophile

**Khumbula, uhlobo olulungile lokuhlela ngesikhathi esilungile empilweni yakho luzokhomba ukuthi uba nomhlalaphansi onentokozo noma lowo ogcwele ukukhathazeka ngesimo sakho sezimali. Noma ngabe sekuneminyaka emi-5, 10 noma-ke engama-40 ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi...awukashiywa yisikhathi ukuba ungangaqali ukwenza umnyakazo othile namuhla. Konke kusezandleni zakho.**



### UNOGWAJA NOFUDU – UKUHAMBA KANCANE NGOKUKHUTHAZEKA KUYAWUNQOBA UMJAHO

Kwabaningi, udaba nje lomhlalaphansi lusengabukeka njengento ele kude kanti isidingo esihambisana nalokho sokuqala ukulondoloza imali sibukeka singajahekile kangako (Unogwaja).

Ngenkathi abanye bekwazi kahle ukubaluleka kokuqala ukwenza izinguquko ezincane zezimali ezihamba kancane nangenkuthazo, ukuze bafinyelele ezinjongweni zabo zokulondoloza (Ufudu).



**Thinta Umeluleki wakho Wezimali ogunyaziwe noma shayela inombolo yethu yokusizakala lapha 0860 38 88 73 engakuhlinzeka ngeminingwane yokuxhumana Yabeluleki Bezimali abagunyaziwe nongathanda ukubathinta.**

DO GREAT THINGS